**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATALI, UMNUZ WILLIES MCHUNU, EMBIZWENI KAHULUMENI WESIFUNDAZWE EMBABAZANE MHLAKA 16 MARCH 2013:**

Mphathi wohlelo;
ONgqongqoshe bonke;
AmaLungu esiShayamthetho;
AmaKhosi aseNdlunkulu;
IMeya yesiFunda sasoThukela;
IziMeya zemiKhandlu;
Izikhulu zemiNyango yonke ezikhona;
Umphakathi wonke;
Ngiyanibingelela.

Masiqale ngokubonga ukuthola leli thuba lokuthi singuHulumeni wesifundazwe saKwaZulu-Natal sihlanganyele nomphakathi walapha eMbabazane sizokhuluma ngezinto ezithinta ngqo izimpilo zabantu.

Ngaphambi kokuba ngande kakhulu, ngifisa ukudlulisa ukuxolisa egameni likaNdunankulu ongakwazanga ukuba yingxenye yalo mcimbi ngenxa yokuxinwa ngeminye imisebenzi yesizwe.

Njengoba sesiyizwile inhloso yalo mcimbi, sakuzwa nokubeka kwabaPhathiswa ngemuva kokuba nani njengomphakathi senivezile okuyizikhalo nezincomo zenu, kubalulekile ukuba siyiphethe le ndaba ngokuthi sigcizelele izinto ezimbalwa lapha.

Okokuqala nje, njengoMphathiswa wezokuThutha ngifisa ukucacisa ukuthi phezu kokuba sihlale sinenkinga yokungabi nemali elingene imisebenzi okudingeka siyenze, umNyango wezokuThutha uzibophezele ukwakha ingqalasizinda yomgwaqo isifundazwe sonke.
Lapha nje eMbabazane Local Municipality ngonyaka wezimali ka-2011/2012 ibalelwa ku-R38.38 million imali esiyifake ekwakheni ingqalasizinda yomgwaqo nokuyigcina isesimweni. Ngonyaka ka-2012/2013 sifake u-R22.5 million, kanti kulona ka-2013/2014 no-2014/2015 sizofaka u-R53.38 million no-R35.1 million ngokulandelana.

Yikho lokhu esithi sigcizelela ngako ukuzibophezela kwethu ekuthuthukisweni kwezindawo zasemakhaya. Ohlelweni lwethu lokulwa nobubha olwaziwa ngoZibambele sesinosonkontileka noma imindeni engaphezulu kuka-260 esikwazi ukuxosha ikati eziko kulo Masipala waseMbabazane.

Lama-project ahlanganisa ukufakwa kwetiyela, ukwakhiwa kwemigwaqo engenela ezindaweni zokuhlala imiphakathi, esithi ama-access road, nokwakhiwa kwababhriji alekelela imiphakathi ukuba ifinyelele ezindaweni ezahlukene zosizo. Ikhona-ke ne-list yala ma-project kodwa okungathatha isikhathi eside kakhulu uma ngiwabala ngayinye.

Nakulona futhi engiphathiswe wona umNyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi kuyathokozisa ukuthi ziningi izinhlelo zokungenelela esizenzayo manje ukusiza ukuba kuxazululwe izinkinga zokuphepha kule ndawo yaseMbabazane.

Phakathi kwezinhlelo esesifike nazo kulesi sikhathi esifushane esedlule kube ngukuthi:

a) NgoDecember 2012 kuhanjelwe isiteshi samaphoyisa eMbabazane ngenhloso yokuphucula umsebenzi wesiphoyisa emphakathi;

b) Ngawo futhi uDecember 2012 siphinde sabheka AmaNgwe Police Station ngayo futhi inhloso efanayo;

c) Kusukela kuleli viki elizayo, umNyango uzolekelela ekuqeqesheni amaphoyisa ngaphansi kwe-Cluster yase-Estcourt, okuhlanganisa neMababazane naMangwe mayelana namacala odlame lwasekhaya noma emindenini, i-domestic violence.

Lokhu kuzosiza amaphoyisa ngamakhono okuphatha amacala okuhlukumeza ngokocansi ezinganeni, kwabesifazane nogogo bethu.

Ulwazi esilutholule luveze ukuthi indawo ehlanganisa i-AmaNgwe ne-Loskop ilokhu inenselelo yodlame lwasekhaya kanye nokusetshenziswa kwezidakamizwa. Selukhona-ke uhlelo lokulwa nale mikhuba esesilubekele ibhajethi ka-R200 000, oluzobhekana nentsha nabesifazane.

Kusihluphile-ke ukuthi kusukela ngo-April kuya ku-December 2012 umNyango uthole izikhalo ngokusebenza kwamaphoyisa emphakathi kodwa kwagcina kunzima ukwenza izinhlelo zokuhlangana nemiphakathi ngenxa yesimo sepolitiki yalapha kuMasipala waseMbabazane.

Njengoba sesike sezwa nangaphambilini, kubalulekile mphakathi waseMbabazane ukuba sivumelane manje ngokuthi isimo sepolitiki yakulo masipala wenu sinenza nime ndawonye uma kungekona ukubuyela emuva uqobo. Uma lungekho uzinzo ekuphatheni kumasipala noma uyathanda noma awuthandi kuyaphazamiseka ukulethwa kwezidingo.

Namanje mhlambe kumele siwubonge uHulumeni wesifundazwe saKwaZulu-Natal oholwa nguKhongolose ngokuba nehlo elisheshayo ukwazi uhlela izindlela zokutakula umkhumbi ocwilayo.

NjengoHulumeni wesifundazwe siyafisa-ke ukubona ushintsho endleleni yokuziphatha kwamaqembu epolitiki, ikakhulukazi abaholi, kule ngengxenye yesifundazwe.

Njengoba sekuvelile ukuthi nakuba iMbabazane yayikhethe amawadi angu-13 kodwa angu-7 kuphela akhethwe ngokusemthethweni, nokusho ukuthi amanye awu-6 kumele akhethwe kabusha, leli kuzokuba yithuba lokuba nikhombise izwe ukuthi niyafuna ukuya phambili kulo masipala.

Kuyishwa ukuthi kumele kuze kuyiwe enkantolo ukuze kucaciswe ukuthi ngubani okumele abe ngumholi kumasipala. Kubanga amahloni ukuthi kuchithwe isikhathi nezimali kuthathwa izinqumo ekugcineni ezifana nezingekho ngoba zithathwe ubuholi obungekho emthethweni.

Njengoba sinomgomo wokuqinisekisa impilo engcono kubantu bonke, akusiphathi kahle ukuthi kunabantu abagcina sebephoqeleka ukuthi bakhokhe izimali abazihlomule ngenxa yokuba yingxenye yokuphatha okungekho emthethweni.

Eminyakeni esikuyona yentando yeningi ezweni lethu, kuyichilo ukuthi sisabona ukubulawa kwabaholi kanye namalungu amaqembu epolitiki, kulesi fundazwe. Namhlanje sikhuluma nje umfwethu uSbu Majola obenguSihlalo wegatsha eMtshezi uyafihlwa namhlanje ngemuva kokubulawa ngesonto eledlule.

UMajola ubulawa nje asikakhohlwa ukubulawa kukamfowethu uJimmy Lembede naye owabulawa ngesihluku ngabantu ababezishaya abazofuna usizo ngoba eyiKhansela.

Siyazi ukuthi namanye amaqembu ayasho ukuthi kukhona amalungu awo aselahlekelwe izimpilo ezigamekweni okusolakala ukuthi zixhumene nemibango yepolitiki.

Kulolu daba, sesivumelene noKhomishana wamaphoyisa esifundazweni ukuthi kube nethimba elizobhekana namacala alolu hlobo, ikakhulukazi babheke lawo okungacaci ukuthi kwenzekani kuwona.

Okunye futhi okusikhathazayo yindlela okulibaziseka ngayo ukuqulwa kufinyelelwe esiphethweni salawo macala okusuke kunababoshiwe kuwona.

Mangikuveze-ke lapha ukuthi ngenxa yalokhu iKhabhinethi yesifundazwe isijube mina kanye noMphathiswa uMhlonishwa u-Ina Cronje ukuba sixoxe nabezokushushisa lapha esifundazweni ukubheka ukuthi akukho yini okudinga ukwenziwa ukulungisa lolu daba.

Konke lokhu sikwenza ukuze siniqinisekise ukuthi siyaya phambili njengesizwe. Kumele siqinisekise kabusha njengomphakathi ukuthi nakuba zikhona izinselelo kumasipala wenu, uHulumeni uyaqhubeka nokuletha izidingo ngakho-ke umphakathi mawungadikibali.

Ngalawo mazwi siyaphinda sithi siyabonga ukuthola leli thuba lokuzokhuluma nani ningumphakathi waseMbabazane namhlanje. Sengathi singabuyela kahle emakhaya siphephe njalo.

**Ngiyabonga**